**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H CELE YOKWETHULA UHLELO LOKULUNGISA UMONAKALO WEZIKHUKHULA OGWINI MHLAKA 27 JANUARY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Akuyona inhloso yami ukuthi nginibuyisele emuva kwesenidlule kukona. Ngiyazi ukuthi sengize izikhathi eziningi oGwini ezinkonzweni zesikhumbuzo

- Le-video eniyibonayo yenziwe uMnyango ukukhombisa umthelela wokufa kwabantu kulabo abasuke sebesele ngemuva. Ikhombisa indlela lezi zingozi ezibulala ngayo abantu abanesandla emnothweni. Okungenani nina niyibuka esithombeni, thina sikubona bukhoma lokhu, hhayi kanye, kodwa ezikhathini eziningi.

- Uma singena emcimbini wanamhlanje, sizokwenzani lapha? Sizogcizelela ukuthi njengohulumeni wentando yeningi sisebenza ngokungakhathali ukuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola impilo engcono.

- Ngonyaka odlule kwaba nemvula enkulu, eyafika ku-500 mm kwezinye izindawo, eyathatha izinsuku ezimbili yadala umonakalo ebangeni elingu-40 km ukusuka ogwini ungena ezweni KwaZulu-Natal phakathi kwaseZingolweni naseMgababa.

- Lokhu kwaholela ekulimaleni kwengqalasizinda ezindaweni zasemadolobheni nezasemakhaya, kwaphazamiseka izinhlelo zokulethwa kwezidingongqangi zezinkulungwane zabantu.

- Eminye imiphakathi yasemakhaya yavaleleka yangakwazi ukufinyelela ezikoleni, ezitolo, emitholampilo nasezindaweni zokusebenza. Ukudilika kwamanye amabhuloho kweminye imigwaqo emikhulu kwaphoqa ukuthi ivalwe eminye imigwaqo kwasetshenziswa ezinye izindlela.

- Omasipala waseZingolweni, uMuziwabantu, iHibiscus Coast, uMzumbe, uMdoni noVulamehlo yibona abakhahlamezeke kakhulu. Kube nomonakalo omkhulu kwingqalasizinda yomasipala kwaphazamiseka nezinhlelo zokulethwa kwezidingo.

- Ngemuva kokuhlola amakhulu emigwaqo ngaphansi kwesiFunda Ugu kutholakale ukuthi ulinganiselwa ku-R1,1 billion umonakalo odaleke kwingqalasizinda yemigwaqo yesifundazwe kuphela.

- Ngemuva kwalokho, iKhabhinethi yesifundazwe inxuse uhulumeni kazwelonke ukuthi ungenelele ngezimali nokuholele ekutheni kutholakale imali engu-R 617 million eyabelwe ukulungisa imigwaqo yesifundazwe.

- UMnyango ube usuzibekela isikhathi esingamaviki angu-17 okwenza umsebenzi okuhlanganaisa nesikhathi samaholide kaKhisimusi. Kuyintokozo ukusho ukuthi lo msebenzi wenziwa emigwaqeni engu-240 ngaphansi koGu kanti u-36% womsebenzi usuphelile sikhuluma nje.

- Amanye amabhuloho angu-27 acekeleke phansi ngokuphelele amanye alimala kanzima. Kuyimanje ayahlolwa lawo mabhuloho ukuze kwenziwe uhlelo lokwakha izinsika ezintsha. Osonkontileka bazoqala khona maduze ukwakha kodwa umsebenzi uyophela ngasekupheleni konyaka.

- UMnyango uzibekele imigomo emibili ngaphambi kokuqala kwalolu hlelo: Sibeke phambili ukulungiswa kwemigwaqo, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya lapho imiphakathi ethintekile isihlukumezeke ngokwenele. Sizoqinisekisa nokudalwa kwamathuba emisebenzi kosonkontileka abasafufusa nokuqashwa kwabantu bendawo.

- INhloko yoMnyango isebenzise amandla ayo okuthatha lokhu njengesimo esiphuthumayo ukuze umsebenzi omningi ukwazi ukwenzeka ngaphambi kuka-31 March 2009 – ukuphela konyaka wezimali.

- Sengiphetha, ngiyazi ukuthi lo msebenzi uzoqondana nemikhankaso yokhetho, kodwa sithi noma lukhona noma lungekho ukhetho okwethu nje ukugcina izethembiso zokwenza impilo engcono kubantu bakithi.

- Okusempeleni, njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusebenzela abantu bakithi ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Okokugcina, masiziphathe kahle ngalesi khathi sikhumbule ukuthi isisekelo sempilo engcono uxolo, intando yeningi nentuthuko.

**Ngiyabonga.**